Publication: Isolezwe (Gauteng)
Date: Tuesday, October 23, 2018
Page: 18

# ITheku lizuze indondo ngokusebenzela umphakathi

MHLENGI SHANGASE

UMKHANDLU weTheku oholwa nguNkk Zandile Gumede uthole indondo e-United Kingdom ngeSonto ngokusebenzela umphakathi ngokungaphezi.

UNkk Gumede uthole indondo i-Dkt Benjamin Barber Global Cities Award eGlobal Parliament of Mayors (GPM) eBristol.

Indondo inikwa izimeya ngemisebenzi eziyenzayo emikhandlwini eziyiholayo.

UNkk Gumede uhlonishwe ngemisebenzi ayenzela umphakathi ikakhulu inhlangano yakhe esiza umphakathi iZandile Gumede Foundation.

Emukela indondo uNkk Gumede uthe ujabule ngendondo yokumhlonipha ikakhulu ngosuku lokuzalwa kwengqalabutho yomzabalazo uMama Albertina Sisulu.

"Indondo eyentsha nabantu besifazane abangabaholi emhlabeni jikelele abasekhaleni lokufuqa intuthuko. Ngijabule kakhulu ngokuthola indondo ngoba ikhombisa imisebenzi emihle eThekwini ukuhlangabezana nezidingo zezakhamuzi," kusho uNkk Gumede.

Uthe uyazi kunzima ukuba yimeya yesifazane wathi kodwa ngokubambisana kuningi abesifazane abangakwenza.

"Izwe lethu likulambele ukuthi abantu abasha babe mdibi munye nobuholi. Ngizobuyela ekhaya nalokhu. Ukuhlonishwa kusho ukuthi umkhandlu uhamba ngendlela eyiyo ekubhekaneni nezinselelo ezibhekene namadolobha.

Baningi abantu abasuka emazweni abo bezohlala eThekwini ngezizathu ezehlukene futhi siyahlangabezana nezidingo zabo," kusho uNkk Gumede.

Indondo yasungulwa ukuze kuhlonishwe imikhandlu eyenza kahle ekuphatheni nokuqhakambisa imigomo ebekwe yiGPM.

Okhulumela uNkk Gumede, uMnuz Mthunzi Gumede, uthe iTheku lisanda kuhlabana ngezindondo ezine emcimbini iWorld Travel Awards eNkosi Albert Luthuli Convention Centre eThekwini.

Uthe ngeledlule bathole izindondo ezimbili kumaKamoso Awards, abehlelwe ngumnyango wezemisebenzi yomphakathi, ngohlelo lukazibambele, i-Expanded Public Works Programme.

"ITheku yidolobha elikhula ngamandla ekuqhamukeni nezixazululo zokuhlangabezana nemigomo ka-2030 ukuze kuguqulwe impilo yezakhamuzi. Indondo isho ukuthi sizoqhubeka sisebenze ngamandla ukuphucula impilo yabantu edolobheni elithandwa kakhulu iTheku," kusho uGumede.




IMEYA yeTheku, uNkk Zandile Gumede, nozakwabo, uMnuz Davis Simango, wedolobha iBeira, eMozambique, abahlabane ngezindondo ngemisebenzi abayenzela imikhandlu e-United Kingdom ngeSonto

Isithombe: SITHUNYELWE

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.